(CIB pdf formfields Demoversion)

vulekiyane amehlo!
uGenesisi 3

Inyoka yayihlakaniphé izedlula zonke ezinye izilwane uSmakade uNkulunkulu azidalayo. Isimbuza-ke owesifazane, ithi:
“Washo ngempela uNkulunkulu ukuthi: `Ningalokothi nidle izithelo zalezi zihlahla ezisengadini?´”

“Suka lapha!” kuphendula owesifazane. “Izithelo siyazidla; sivunyelwe! Ngezalesi sihlahla-nje kuphela esiphakathi nengadi esingazidli. INkosi yathi: `Ningazidli. Ningazilokothi. Okungenjalo niyofa!´“

„Kahle bo!“ kukhuza inyoka. „Niyofa nibulawa yini; nikhohliswa nje! Ingani phela uyazi uNkulunkulu wenu lo ukuthi: Nazidla-nje, nivuleka amehlo; nihlakaniphe njengaye. Senizazela nina konke – okuhle nokubi.“

Usesibukisisa isihlahla owesifazane: sasisishle, nezithelo zaso zihawukisa; nakhu-ke futhi sekuthiwa siyahlakaniphisa!

Nqampuliyane isithelo, wadla; wakhelela nomyeni wakhe, basina bazibethela.

Vulekiyane amehlo kubo bobabili; sebebona nokuthi bahlezi-nje banqunu. Yikho-ke sebethatha amaqabunga omkhiwane, benza ngawo izabana zokubhinca.

Ntambama selithé ukuphola bezwa sengathi uNkulunkulu uyahambahamba lapha engadini. Basithela ngezihlahla, bamcashela.

Wamemeza uSmakade ebiza owesilisa: „Ùphi no?“ Owesilisa usephenula-ke ethi: “Ngikuzwile usondela, ngashaywa luvalo, ngacasha. Ingani phela nginqunu!?”

“Usuzwa ngobani ukuthi kawembethe?” kubuza uNkulunkulu. “Uthi awusudlé kulezi zithelo ozenqatshelwe nje?”

Iphendule-ke indoda, ithi: “Yilo wesifazane owangilethela yena onginikile, ngadla.” Imbuze ke iNkosi uNkulunkulu owesifazene, ithi: “Usukwenzelani-ke phela lokhu?”

“Ngiluthwa yinyoka!” eseziphendulela owesifazane. “Yiyo le engifaké ekulingweni, ngadla.”

Usephendukela enyokeni-ke uSmakade, ethi: “Ngenxa yalesi senzo sakho ngiyakuqalekisa! Ezilwaneni zonke lezi ezikhona wena uyokhasa phansi, uhulukuqele ngesisu, uphefumule uthuli impilo yakho yonke. Phakathi kwenu – wena nowesifazane nezizukulwane zenu – kuyoba nenzondo engapheli: Bayokuzingelela ukukuchoboza ikhanda, wena ufune ukubashaya esithendeni.”

Kowesifazane usethi-ke uSmakade: “Uyoxinwa yizinhlungu njalo uma ukhulelwe; kuyothi uma ubeletha, udliwe yimihelo enzima. Ùyolangazelela umyeni wakho; yena kodwa uyoba ngumbusi wakho.”

(CIB pdf formfields Demoversion)

Kowesilisa wathi-ke: “Ngenxa yokuvumela ukuluthwa ngumkakho, wephule umyalo wami, ngiyawuqalekisa umhlabathi. Ùyosebenza kanzima, ukhandleke, uzama ukuziphilisa kuwo. Kuyomila ameva namakhakhasi kuwo; wena udle izithelo zasendle.

“Uyodla ngezikwepha ngangezithukuthuku zakho uze uyoshona egodini - ubuyele emhlabathini, lapho wathathwa khona. Ùluthuli lomhlabathi wena; uyogcina uphindele othulini!”

Owesilisa wetha umkakhe elithi nguEva, ethi uyoba ngunina wesintu sonke.
USmakade uNkulunkulu wayesebenzela-ke okokwembatha ngeziqeshana zezikhumba.

Usezikhulumela-nje uSmakade, ethi: “Okungumuntu lokhu sekuzifanela-nje noNkulunkulu! Kwazi yonke into manje! Sekusele-nje ukuthi kwelule ingalo, kuzidlele izithelo zokuphila okuphakade!”

Wamxosha-ke wamkhipha ensimini yase-Ideni ukuze ahambe ayolima umhlabathi okuyiwona asuka kuwo, aphile ngawo.

Wachithwa kanjalo-ke umuntu.
Esangweni-ke uSmakade wabeka izingqapheli zakhe, zihlomé ngenkemba nangelangabikazi ukuze kungalokothi kwedlule muntu ozama ukuphindela esihlahleni sokuphila okuphakade.

iviyo lezikhuthali
obanjiswaneni lokuhumusha nokubhala kabusha ibhaybheli ngesiZulu
- biblia zuluensis -